UMKHOSI WENHLIZIYO EYNGCWELE CWE KAJESU – UMKHULEKO

EMINDENINI NOKUZINIKELA KWEMINDENI ENHLIZIYWENI EYINGCWELE CWE KAJESU

ISINGENISO:

Inyanga kaJune yahlukaniselwe **ukuZinikela eNhlizyweni eyiNgcwele kakhulu kaJesu**– ukuveza ukumbonga kwethu ngothando lwakhe kithina zoni, futhi simcele asiphe ukuphenduka, ukuze izinhliziyo zethu zifane neyakhe Ikakhulu **amaLunga woMhlangano weNhliziyo**, **agubha ngalonyaka – iJubhili yeminyaka engu125 yasungulwa eCentocow ngonyaka ka 1895, kwiSifundabhishobhi saseMzimkulu** sibe abaholi ekuzinikeleni kuJesu sinikele imindeni yethu othandweni nasekunakekeleni kweNhliziyo Yakhe kusetshenziswa iNkonzo yokunikela umndeni eseSakhiweni soMhlangano weNhliziyo, manibe nomfanekiso weNhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu nomfanekiso weNhliziyo kaMaria engenasici emakhaya. Lemikhuleko ingasetshenziswa ngoMkhosi oMkhulu weNhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu ngomhlaka 19 June, noma ngeSonto, nanoma ngasiphi isikhathi, lapho umndeni undawonye.

Ukulungiselela: *Itafula elembozwe ngendwangu emhlophe, amakhandlela, isiPhambano, uMfanekiso weNhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesus, noweNhliziyo kaMaria engenasici uma unawo, iBhayibheli, aManzi ayiNgcwele uma unawo, uma ungenawo ubeka amanzi nje. Ungahlobisa iLathi lakho ngezimbali. Khethanani emndenini ukuthi ngubani ozohola. Abazofunda izifundo, nozohola ngamaculo*

Iculo lokuvula: kube ngeleNhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu……

Umholi:

Ngegama likaYise beneNdodana noMoya oCwebileyo.
Bonke: Amen.

Umholi:
Malunga woMndeni athandekayo, Namuhla sigubha uthando lukaNkulunkulu, asambulele lona eNhliziyweni eyiNgcwele kaKhulu yeNdodana Yakhe uJesu Kristo, ngesikhathi elenga onqamulezweni enzela insindiso yethu. INhliziyo yakhe eyiNgcwele yavulwa yisosha ngomkhonto, ukuze asivezele uthando nesihawu, ikakhulu kwiSacramente loMbhabhadiso neSacramente eliyiNgcwele cwe laselathini, uMzimba neGazi lakhe. Ngalomgubho womndeni sihlanganyela neBandla lonke sibonga uNkulunkulu ngothando nesihawu sakhe kubo bonke abantu, sicele intethetlelo ngezono zethu njengoba sithandaza lesisenzo sokuzisola.

Umholi: Nkosi Jesu, uvusela abafileyo ekuphileni: Nkosi sihawukele.
Bonke: Nkosi sihawukele.

Umholi: Nkosi Jesu, ulethela izoni uxolo nentethelelo: Kristo, sihawukele.
Bonke: Kristo, sihawukele.

Umholi: Nkosi Jesu, uletha ukukhanya kulabo abahlezi ebumnyameni: Nkosi sihawukele.
Bonke: Nkosi sihawukele.

Bonke bathi: Makasihawukele uNkulunkulu uMninimandla onke, asithethelele izono zethu asiyise ekuphileni kwaphakade. Amen.

Bonke bacula: UDumo kuNkulunkulu kweziphezulu …..

Umkhuleko wokuvula:



Nkulunkulu Somandla, njengoba sidumisa iNhliziyo yeNdodana yakho ethandekayo, sikhumbula ngenhlonipho imisebenzi yothando esenzele yona, ake usenze sifanele ukwamukela igrasia elichichimayo kulowomthombo wamagrasia asezulwini. Sicela ngeNkosi yethu uJesu Kristo iNdodana yakho ephila ibusa kanye nawe nibunye noMoya oCwebileyo izikhathi ngezikhathi .

Bonke: Amen.

Iculo: **kuMoya oCwebileyo/eleZwi leNkosi**

ISIFUNDO SOKUQALA Deuteronomy 7:6-11

ISIPHENDULO **IHUBO 103:1-2,3-4,8,10**

Isihawu seNkosi kwabayesabayo singesaphakade.

Omphefumulo wami, yibonge iNkosi,
nakho konke okukimi
makubonge igamalayo eliyiNgcwele.
Mphefumulo wami ibonge iNkosi,
ungakhohlwa umusa wayo omkhulu ekwenzele wona. **Isihawu…**

Yona ithethelela amacala akho onke.
yelaphe bonke ubuthakathaka bakho.
Isindise ukuphila kwakho ekubhubheni,
ikuqhelise ngomusa nesihawu. **Isihawu…**.

INkosi yenza okulungileyo,
isize ngemfanelo bonke abacindezelwe.
Yazisa uMose izindlela zayo,
namdodana kaIsrael izenzo zamandla ayo. **Isihawu…**

INkosi inesihawu nomusa,
ayisheshi ukuthukuthela, imnene kakhulu
Ayisiphathi njengoba kusifanele ngenxa yezono zethu,
ayisiphindiseli ngokwamacala ethu **Isihawu…**

ISIFUNDO SESIBILI *1 John 4:7-16*

ALLELUIA *Matt 11:29ab*

THathani netshathe ijoka lami, nifunde kimi, ngokuba ngimnene nginenhliziyo ethobileyo **Alleluia**

IVANGELI *Matthew 11:25-30*

Emva kwezifundo, kuyazindlwa ngokuhlanganyela njengomndeni eZwini likaNkulunkulu, elifundiwe. Imaphi amazwi athinte inhliziyo yakho, akukhuthaze kanjani ukwenza okuthile, kusebenzise empilweni yakho, noma emndenini wakho.



UKWETHULWA KWEKHAYA ENHLIZIYWENI EYINGCWELE CWE KAJESU – Kuthathwe esakhiweni soMhlangano weNhliziyo

Isingeniso

Lenkonzo ifanele ukuba yenziwe ngendlela ezovumelana nesimo somndeni, isibonelo: Uma inhloko yomuzi kungumame, uma bengekho nhlobo abantwana, nokunye nje okunjalo.

1. *Umholi*: Sengathi iNhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu ingathandwa zonke izindawo



Bonke: Kuze kube phakade

Iculo leNhliziyo kaJesu.

Inhloko yomndeni ichazela umndeni isizathu esenze ukuba ifise ukuba ikhaya lethulwe eNhliziyweni eyiNgcwele kaJesu.

Umthandazo wesingeniso

Inhloko yomndeni iyathandaza:

Nkulunkulu, Baba wethu, okhokho bethu babekhuluma ngamandla akho amakhulu lapho babe bona izimangaliso zendalo yakho, babekwesaba kakhulu. Ngokunjalo, wena wathumela uJesu Kristo, iNdodana yakho, **ukuba azokwembulela abantu uthando lwakho olungenamkhawulo.** UJesu wazinikela eSiphambanweni, ukuze iBandla lizalwe ngegazi namanzi aphuma ohlangothini nangokufa nokuvuka kwakhe kwabafileyo. Siphokophelele ukuba nomfanekiso wenhliziyo yaKhe eyiNgcwele cwe emzini wethu ukuze silukhumbule uthando lwaKho. Sithanda ukuba uJesu ahlale kanye nathi emzini wethu asifunzelele ukuba sigcine intando yakho sihlanganyele nefa owasithembisa lona seloku kwaba phakade.

Bonke: Amen.

2. ***UBaba wekhaya uthandaza kanje*:**

Nhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu, lapho sibona umfanekiso wakho senze ukuba siqonde ukuthi namhlanje sikuvumile ngokusobala ukuthi wena uyiNkosi yalelikhaya.

Nkulunkulu, wena wakhetha uJosefa ukuba abe yinhloko yekhaya okwakhulela kulo uJesu. Ake wenze ukuba isibonelo sakhe singikhombise ukuthi ngifanele ukuziphatha kanjani ukuze ngibe nguyise weqiniso walelikhaya. Nkosi, silalele.

Bonke baphendula bathi: Nkosi, silalele ngomusa.

3. ***UMame wasekhaya uthandaza athi*:**

Nkosi, wena wakhetha uMaria ukuba abe nguMame wokulolonga isimilo sikaJesu. Nami ngenze ngifane naye ukuze ngisize abantabami ukuba bakhule ekuhlakanipheni nasekulungeni. Nkosi, silalele.

Bonke baphendula bathi: Nkosi, silalele ngomusa.

4. ***Umntwana uthandaza athi*:**

Nkosi, Wena owenza ukuba uJesu akhulele ekhaya ukuze sibone usizo nothando lwabazali nabantwana. Ake usisize ukuba silalele abazali bethu. Nkosi silalele

Bonke baphendula bathi: Nkosi, silalele ngomusa.

5. ***Omunye umntwana:***

Ake usenze sibethembe kakhulu abazali bethu ukuze izipho osipha zona zikhule. Nkosi silalele

Bonke baphendula bathi: *Nkosi, silalele ngomusa.*

6. ***Omunye umntwana:***

Nkosi, ake ubalondoloze abazali bethu ubaphe amandla ukuze bangakhathali ukusihola. Nkosi, silalele.

Bonke baphendula bathi: Nkosi, silalele ngomusa.

i) ICulo eNhliziyweni kaJesu eyiNgwele

7. Inhloko yekhaya noma wonke amalunga womndeni athandaza athi:

Nhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu, wena wake wathandazela abalandeli bakho, wathi, “Baba, bangcwelise eqinisweni.”
Ake ubheke umndeni wethu njengoba uzethula uzingcwelisa kuWe.
Umfanekiso waKho ukhona lapha ukuze singalukhohlwa uthando osithanda ngalo. Uyazazi izingozi ezisimele ukubhekana nazo. Ake usiphe isibindi namandla. Silondoloze. Ake usikhanyisele ukuze sibambelele eqinisweni lakho. Sengathi wonke umuntu ohambela kulendlu angabona ukuthi kubusa uxolo lapha ngoba umndeni wethemba uNkulunkulu. Kwamukele ukuzinikela kwethu kuwe. Samukele Nkosi, sibumbe ukuze abantu babone ukuthi sinjengawe – sizithobile, sinomusa, sinosizo, nobubele, nezinhliziyo ezixolelayo. Sengathi isibonelo sethu singafunzelela nabanye ukuze umphakathi wethu nezwe lethu libe noxolo nokuthula. Ake usiholele ekhaya likaYihlo, lapho siyophila khona ungunaphakade. Amen.

8. *Umndeni uthandaza uthi*:
Jesu, busa njalo ekhaya lethu.
Jesu omnene othobile ngenhliziyo, yenza izinhliziyo zethu zifuze eyakho.

UMTHANDAZO OBHEKISWE KUMAME WETHU WENHLIZIYO EYINGCWELE CWE KAJESU

Khumbula, Mame wethu weNhliziyo eyiNgcwele, izinto ezinkulu iNkosi eyakwenzela zona... yakukhetha ukuba ube nguNina... yathanda ukuba ube seduze nesiphambano... iyakuhlanganyelisa odumeni lobukhosi bayo... iyayilalela imikhuleko yakho. Ake usethulele kuyo iNkosi imikhuleko yethu yokuyitusa nokuyibonga, yethula izinxuso zethu kuyo. Sinxusele ukuba siphile njengawe sisothandweni lweNdodana yakho ukuze ufike umbuso wayo. Ake uziholele zonke izizwe emthonjeni wamanzi aphilayo agobhoza eNhliziyweni kaJesu, esabalalisa emhlabeni ithemba nosindiso, ubulungiswa noxolo. Ake ubheke ukuthi sikwethemba kangakanani, bese uyiphendula imithandazo yethu, ukhombise njalo ukuthi wena unguMame wethu. Amen.

Umholi wenkonzo kanye nomndeni wonke kuchelwa amagumbi wendlu nomuzi wonke ngamanzi, kuculwe iculo leNhliziyo, noma eloMbhabhadiso. Emva kokuchela kuyaqhutshekwa – kukhulekwe

Omunye umkhuleko ongasetshenziswa: **Ukuzethula eNhliziyweni eyiNgcele cwe kaJesu**

P. Jesu oThandekayo, Msindisi wesintu, akusibheke, nakhu siguqe ngokuzithoba phambi kwelathi lakho, singabakho sithanda ukuba ngabakho njalo.
K. Kepha ukuze ukuzihlanganisa kwethu nawe kuye kuqine njalo, bheka yilowo kithina esezethula ngokujabula eNhliziyweni yakho eyiNgcwele kakhulu.
P. O! Baningi abangazange bakwazi; baningi futhi abadelele imithetho yakho, bakulahla.
K. Bahawukele bonke labo Jesu omnene kakhulu, ubadonsele bonke eNhliziyweni yakho eyiNgcwele.
P. Nkosi, yiba iNkosi, ungabi nje eyamakholwa angabonaze esuke kuwe, qha, ube yiyona nakubantabakho abalahlekileyo, abakushiyile.
K. Yenza ukuba basheshe babuyele ekhaya kuYise, funa bafe usizi nendlala.
P. Yiba iNkosi yalabo futhi abaphanjwe izimfundiso ezingeyizo, neyalabo abaqembukile kuwe ngokwambuka.
K. Babize babuyele enqabeni yeqiniso nasebunyeni bokholo, yikhona kuzawushesha kube isibaya sinye noMalusi munye.

P. Nkosi, yipha iBandla lakho inhlalakahle nolondeko nenkululeko, uphe izizwe zonke ukuthula nokuhleleka. Yenza ukuba emhlabeni wonke, kusukela emkhawulweni ongaphezulu kuye kugcine emkhawulweni ongaphansi,

kuzwakale izwi libe linye lokuthi:
K. Udumo alube seNhliziyweni kaNkulunkulu, okuvele kuyo ukusindiswa kwethu; ayituswe yaziswe, kuze kube phakade. Amen.

Noma: ILITANY LENHLIZIYO EYINGCWELE CWE KAJESU: ……..

Iculo: ***leNhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu…..***

UKWAMUKELA NGOKULANGAZELA – ngokomphefumulo

"Jesu wami, ngiyakholwa ukuthiukhona ngempela eSakramenteni eliyiNgcwele kakhulu laseLathini. Ngiyakuthanda ngaphezu kwazo zonke izinto, futhi ngiyafisa ukukwamukela emphefumulweni wami. Njengoba ngingakwazi ukukwamukela esakramenten iwoza kimi okungenani ngokomphefumulo. Ngikusingatha okungathi usungaphakathi kimi ngiluhlanganisa nawe lonke uqobo lwami. Ungangidedeli ngahlukaniswe nawe." Amen. (St. Thérèse of Lisieux)

Umkhuleko wokuthi kuphele iGciwane leKhorona

Mninimandla onke nonguBaba oneSihawu, wena okhombisa uthando kuyo yonke indalo yakho. Siza phambikwakho sicela uphuthume usiphe okokwelapha iGciwane leKhorona eseliphazamise umhlaba wethu. Yizwa ngomusa imikhuleko esiyenzela labo asebengenwe ileligciwane ezingxenyeni ezehlukene zomhlaba. Philisa abagulayo, uphe abafile ukuphila kwaphakade bese ududuze imindeni elahlekelwe. Sikhulekela ukuthi kutholakale umuthi onamandla wokulwa naleligciwane. Sikhulekela ubuholi obukhona manje nabaPhathi bezeMpilo ukuthi bakwazi ukuthatha izinyathelo ezifanele ukuthi kuphile abantu. Sibheke ngesihawu, uthethelele ubuthakathaka bethu. Sicela lokhu ngoJesu Kristo iNkosi yethu. Amen.

UMkhuleko weNkosi:

Siqoqela imikhuleko yethu ndawonye, ngokunjalo naleyo esekuthuleni kwezinhliziyo zethu,
Sithandaza ngamazwi iNkosi eyasifundisa wona sithi: **Baba wethu...**
Bonke: Ingelosi yeNkosi…..

Isibusiso:

Umholi: UNkulunkulu makenze izinhliziyo zethu zifane nekaJesu ukuze sibe ngamadodana namadodakazi aqotho kaNkulunkulu.
Bonke Amen.

Umholi: Sengathi singaba ngabanomusa sithande bonke abantu yikhona sizokuzwa uthando lukaNkulunkulu ezimpilweni zethu.
Bonke: Amen.
Umholi: Sengathi singaba ngabanozwelo nabathethelelayo yikhona kuzophela usizi nokuxabana.
Bonke: Amen.



Bonke: Makasibusise uNkulunkulu uMninimandla onke asithethelele izono zethu asiyise ekuphileni kwaphakade. Amen! Alleluia!

Masituse iNkosi
Makabongwe uNkulunkulu *Kungakhonjiswana uphawu loxolo lukaKristo*

Mayinisingathe ngothando nesihawu iNhliziyo eyiNgcwele cwe kaJesu Kristo.

Owenu kuKristo, ngiyanikhulekela nsukuzonke eMiseni eliyiNgcwele,

+ Stanisław Dziuba, OSPPE

+ Stanislaw Jan Dziuba, OSPPE
UMbhishobhi weBandla eliKhatholika leSifundabhishobhi saseMzimkulu ***visit: www.umzimkulu.info***